

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA  
UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU ENKONZWENI  
YESIKHUMBUZO KWADUKUZA NGOLWESINE MHLAKA 20 AUGUST 2015**

- Mphathi wohlelo;
- UMeya waKwaDukuza uKhansela uMthembu;
- Amakhansela wonke akhona;
- Abefundisi;
- Ubuholi bonke obukhona ngezigaba ezahlukene;
- Abamele iminyango kahulumeni;
- Imindeni ethintekile okuyiyona engosingaye;
- Umphakathi wonke;
- Ngibanibingelela egameni leNkosi yethu uJesu Kristu.

Masibonge-ke kakhulu emindenini yalaba abasishiyile, ngokusivumela njengoMnyango noHulumeni waKwaZulu-Natal ukuba sihlele le nkonziso ehlanganyele yesikhumbuzo sabantu bakithi abasishiye kabuhlungu ngoMsombuluko.

Siyabonga nakomakhelwane nomphakathi wonke oshiye konke obuzokwenza ngalolu suku wathi mawuze uzozimazisa kule nkonziso sibhonge emswanini ndawonye sonke.

Siyazi ukuthi noma engekho amagama anele ukuqeda ubuhlungu obuzwiwa amalungu emindenini ngoba kuwona kufana nokuthi kuxebuke inyama uqobo, kodwa njengabantu siyakholwa ukuthi uma umuntu ethola ukwesekwa noma yingayiphi indlela uma esosizini lokho kuyawenza umehluko nasengqondweni yakhe.

Uma sihambele izinkonziso zalolu hlobo siyaye sithande ukuchaza ukuthi lezi zinkonziso ziwuhlelo lukaHulumeni lokungenelela ngokusiza uma kudlule emhlabeni abantu abayisihlanu kuya phezulu engozini eyodwa emgwaqeni.

Lokhu sikwenza ngokuthi sixhumane nemindenini ethintekile ukuthola ukuthi hlobo luni losizo oludingekayo bese kuvunyelwana ngokuthi sibe nenkonzo yesikhumbuzo noma kube yinkonziso yomngcwabo ehlanganise imindenini njengoba silapha nje namhlanje.

Nalapha nje kuthe uma kuzwakala ngale nhlekelele nathi saphuthuma khona lapha ukuzokhuza umhlola sizizwele nangokwenzekile. Ngemuva kwalokho ithimba loMnyango libe selihlanganisa amakhanda nemindenini, ebe isisinikeza leli langa ukuba sihlanganyele kule nkonziso.

Lokhu futhi sikwenza ngokuhambisana nomgomo walo Hulumeni wokuba nguHulumeni onakekelayo. Siyakuqonda kahle ukuthi ukulahlekelwa ngabantu ngalolu hlobo kusho ukulahlekelwa ngabantu ababeke lo Hulumeni ngevoti labo, ngakho-ke ayikwazi ukungasiphathi kabi into injena.

Kodwa futhi siyaye sikugcizelele ukuthi lokungenelela kwethu akuwuthathi kancane nomthelela omubi owenziwa ngukufa kwabantu ngamunye noma ngababili kwezinye izingozi zomgwaqo. Okusempeleni, sihlale sisho ukuthi "ukufa komuntu oyedwa emgwaqeni wethu ngukufa kwabaningi."

Ezinkonzweni zalolu hlobo futhi siyaye sithande ukuxolisa emindenini nezihlobo zabasishiyile ngoba kuzona lezi zinkonzo siyaphoqeleka ukuthi ngaphandle kokubaduduza, kodwa siphinda sisebenzise lelo thuba ukukhuluma kabanzi ngodaba lokuphepha emgwaqeni.

Kumele siqwashisane noma kuphi lapho sikhona ngendlela ebuhlungu abantu bakithi abahamba ngayo bengagulanga beyimiqemane, abanye bephume emakhaya beyozamela imindenini yabo isinkwa kodwa esikhundleni saleso sinkwa imindenini ithole imibiko yokuthi angeke isaphinda ibabone.

Thina esisebenza kulo Mnyango nabakwezinye izinhlobo ezibhekele inhlalakahle yomphakathi, luyisimanga usizi esilubonayo uma sesihambele imindenini esuke ishiywe ngabantu ezingozini zomgwaqo, kokunye okuba yizingane esezisele ziyizintandane esezidinga ukunakekelwa.

Kokunye kuphuma izibalo nje zokuthi mhlambe kubhubhe abantu abahlanu engozini, kodwa kungabe kusavezwa ukuthi bonke labo bantu ngabandawonye okusho ukuthi kungenzeka ukuthi kuvalwe ngehlala emndenini owodwa.

Njengoba sikhuluma ngale nhlekelele yalapha nje, ngalo futhi usuku lwangoMsombuluko laphaya eMthwalume ogwini oluseningizimu kushone abantu ababili beshayiswa yitekisi, nesithole kamuva ukuthi bekungubaba nendodana. Cabanga-ke isimo esikulowo mndenini namhlanje.

Ekugcineni zonke lezi zingozi esikhuluma ngazo zidla izwe lethu imali engaphezulu kuka-R300 billion ngonyaka. Uma sibheka igebe esisenalo kwezentuthuko, kuyacaca ukuthi le mali ngabe yenza okuningi ukushintsha izimpilo zabantu bakithi.

Le mali ivela kanjani na? Angithi phela ngemuva kwengozi kuba nabantu abadinga ukwelashwa, enye imali eningi iya kwabezimo eziphuthumayo, ama-ambulensi, kokunye okuye kudingeke ngisho indiza enophephela emhlanje ezophuthumisa umuntu esibhedlela, okuyinto ebiza kakhulu leyo.

Laphaya ezibhedlela bathi uma umuntu elaliswe egumbini esithi i-ICU, noma i-intensive care unit, lapho umuntu olimele kanzima noma ogula kakhulu esuke ethola khona ukunakekelwa okunzulu, ukulala lapho nje umbhede awubizi ngaphansi kuka-R2 000 ngosuku.

Le mali ayihlangene nezindleko zokwelapha, okuya ngokuthi yini okumele yenziwe kumuntu kokunye okungafinyelela nangaphezulu kuka-R20 000 ngosuku. Ngitsheleke uma ezohlala e-ICU mhlambe izinsuku ezilishumi bese eyadlula emhlabeni, kusho ukuthi yonke leyo mali isihambile.

Kuphinda kube nabanakekelwa ngezibonelelo, ama-grant, okungaba yibona uqobo abalimele noma izingane zabo uma beshonile abazali. Enye iphuma ngezinxephezelo ze-Road Accident Fund, njengoba nalapha sikhuluma ngohlelo lokulekelela ezindlekweni zokungcwaba ngosizo lwaso lesi sikhwama.

Ngaphezulu kwalokho, izingozi zisithathela abantu abasha abasabhekwe ukuba babambe iqhaza ekukhulisweni komnotho wezwe lethu. Nalapha nje ngiyabona ukuthi kuhambe abantu abasebancane esikhala kakhulu ngabo ngoba bekusamele basebenze bakhe umnotho.

Ngenkathi sihlangele nemindeni ngoLwesibili lapho besizokhuza umhlola, ngikuvezile ukuthi esikhathini esiyinyanga nje besiseBulwer lapho bekushone abantu abangu-8 abashone engozini yetekisi neloli. Kulabo bantu kwakunengane enezinyanga ezine, okudabukisayo futhi ukuthi unina owayengeniswe esibhedlela naye ugcine eseshonile okwenza babe ngu-9 manje abashona kuleyo ngozi.

Emasontweni amabili edlule futhi uzakwethu uDinangwe obengibambe ubeseMnambithi engcwaba abantu abayisithupha abaphelele engozini ebandakanya imoto encane neloli.

Okusehusa kakhulu ngokuthi konke lokhu kwenzeka nje, esikhathini esifushane esedlule bese sibona kunokwehla kwezingozi ikakhulukazi eziyiziphili kanjena, njengoba manje sesiqala ukuba nalezi zinkonzo zilandelana.

Uma sibheka izibalo zikaJuly sithola ukuthi ngonyaka odlule saba nezingozi ezingu-166 kwadlula emhlabeni abantu abangu-198, kanti ngalo nyaka sibe nezingozi ezingu-167 kwashona abantu abangu-189 ngenyanga kaJuly kuphela.

Uma ubheka lapha-ke uzobona ukuthi muncane kakhulu umehluko wokwenza kangcono. Lokhu kwenzeka kade eminyakeni emibili edlule sithole ukuthi sesehlise ngaphezulu kuka-30% ukufa kwabantu emigwaqeni yethu kulesi sifundazwe njengoba sibheke ukwenza okungenani u-50% ngo-2020 ngokwezimiso ze-United Nations.

Konke lokhu esikuvezayo bazalwane senzela ukuthi nazi ngesimo esibhekene naso sonke njengomphakathi noHulumeni. Kodwa okubalulekile engithanda sivumelane ngakho namhlanje

ngukuthi yinina njengomphakathi okumele nenze okuthile, nivume ukuba nisizakale ngalokho uhulumeni akwenzayo ukuze niphephe.

Ngisho ngoba phela siyazi sonke ukuthi akukho uHulumeni angakwenzi ukulekelela abantu ukuba baphephe emigwaqeni kodwa kujike kube yibona abangabambisani noHulumeni – bashaye indiva yona le mithetho ebekelwe ukusiza bona.

Awubheke nje ngoba ezweni lonke akekho umuntu ogunyazwa ukuba ashayele imoto engaqalanga wafunda yonke imithetho nezimpawu zomgwaqo ukuze kube nesiqiniseko sokuthi ngeke enze ingozi emgwaqeni.

Eminye yale mithetho ithi awulokothi ushayele imoto uphuze utshwala.

Uma umuntu esefundile waphasa wathola igunya lokushayela, ukhohlwa yiyo yonke le mithetho ikakhulukazi lona osuqede abantu othi ongashayeli uphuzile.

Uhulumeni uphinda akhe imigwaqo eminye ayifake itiyela ngemali eshisiwe, ayifake nezimpawu zokuxwayisa ngokungaba yingozi uma ushayela, kufakwe namabhodi akutshela umgomo wejubane okumele uhambe ngalo kuleyo ndawo.

Kodwa mihla namalanga singcwaba abantu abashonele emgwaqeni ngenxa yokushayela bedakiwe nokugijima ngokweqile nokungalandeli izimpawu ezibekiwe.

Ngenxa yokwepfulwa kwale mithetho, uHulumeni uphinda achithe imali eningi eqeqesha aphinde aholele amaphoyisa azogada izephulamthetho emgwaqeni.

Ngenyanga kaJune nje laphaya eKolishi lamaphoyisa omgwaqo eMgungundlovu kunamaphoyisa angu-91 akhishiwe aseqalile ukusebenza emgwaqeni ngemuva kwezinyanga ezingu-12 zokuqeqeshwa kanzima.

Nakuzwelonke ziyaqiniswa ezokuphepha ngokushaywa kwemithetho njengoba manje sekuphoqelekile ukuba izingane ezingaphansi kweminyaka emithathu zibekwe esihlalweni sazo esiboshelwe emotweni ukuze ziphephe.

Manje yingakho-ke siyaye size sibuze ukuthi yini kanti ngempela okumele yenziwe futhi yenziwe ngubani?

Nalapha nje ngemuva kokuzwa ngezehlakalo esezike zenzeka kuleya ndawo njengoba kuthiwa ziningi izingozi esezike zenzeka, sinqume ukuthi ngenkathi kuqhubeka uphenyo ngembangela yengozi kube kuqhubeka nohlelo lokucwaninga ngenzindlela ezizokwenziwa ukunqanda isimo esifanayo esikhathini esizayo.

Siyayinxusa-ke imiphakathi yakithi ukuba ibambisane noHulumeni ijoyine imikhankaso yokuphepha emgwaqeni ngaso sonke isikhathi. Masiqaphele ukuthi izithuthi esizigibelayo nabashayeli bazo basesimweni futhi asilayishwa ngokweqile.

Egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natali sifisa ukududuza imindeni yalaba:

Name and Surname
1. Jacob Mhlongo (28)
2. Nelisiwe Dube (29)
3. Zakhona Dube (26)
4. Bongwiwe Ngcobo (41)
5. Lindani Xulu (23)
6. Lethiwe Makhathini (25)
7. Nelisiwe Ngcobo (43)
8. Phazama Mthembu (50)
9. Nonkululeko Dlamini (37)
10. Thamsanqa Mbonambi (25)
11. Khulekani Dludla (29)
12. Vumenjani Nzimande (29)
13. Nonhlanhla Ndlela (44)
14. Sphiwe Khambule (
15. Mzokhona Khuzwayo (
16. Lindelani Msebeni (

### **Imiphefumulo yabo sengathi ingalala ngoxolo!**

Sifisela nalaba abasesibhedlela ukululama ngokushesha.

Masibonge nakubo bonke ababambe iqhaza ngezindlela ezahlukene ukuba kusizakale imindeni eshonelwe, sithi ningadinwa nangomuso. Sibonge nokuzinikela kweSANTACO ekusizeni lapho ingasiza khona. Siyazi ukuthi ngempela kuthatha kube nzima uma wazi ukuthi umonakalo onjena uthinta wena. Kodwa siyethemba ukuthi izigameko ezinjena yizona ezisivula amehlo ukuba sibone lapho kumele siqinise khona ukuze singalokhu sishaywa yinduku eyodwa.

Nathi siphinde sizibongele ngethuba sithembe ukuthi iNkosi izosigcina siphephile ezingozini zomgwaqo kusuka manje size sibone uKhisimusi nonyaka ozayo ka-2016 neminye elandelayo.

**Ngiyabonga**